



**Mr Sihle Zikalala**  
UNDUNANKULU WAKWAZULU-NATAL



# ISIMEMO SOKUFAKA IZICELO ESIKHWAMENI SENTSHA SAKWAZULU-NATAL

UNdunankulu waKwaZulu-Natal uSihle Zikalala noNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha noKongiwa kweMvelo, u-Ravi Pillay bamema osomabhizinisi abasha ukuthi bafake izicelo zoxhaso lwezamabhizinisi. **ITHUBA LESIBILI SELIVULIWE UKUTHI INTSHA IFAKE IZICELO ZOZHASO KULESI SIKHWAMA KUSUKELA KUMHLA KA-1 JULAYI KUYA KUMHLA KA- 30 JULAYI 2021.**

Lesi sikhwama sihlose ukusiza sihlinzeke intsha (18-35) ekufanele ukuthi isungule futhi ikhulise amabhizinisi ayo. Abantu abasha kumele bathintane noMasipala beziFunda bangakubo ukuthola amafomu neminingwane yokufaka izicelo. Amahhovisi omasipala asondelene nabo angabasiza ukubaxhumanisa noMasipala beziFunda nasemahhovisi oMnyango wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha noKongiwa kweMvelo, nasezinkundleni zokuxhumana zikahulumeni waKwaZulu-Natal (Kznonline).

Bangaphinde bathintane noPhiko lweNtsha eHhovisi likaNdunankulu noma eMnyangweni wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha noKongiwa kweMvelo. **Bangasebenzisa le ndlela yokuxhumana: [kznyouthfund@kznpremier.gov.za](mailto:kznyouthfund@kznpremier.gov.za) noma [kznyouthfund@kznedtea.gov.za](mailto:kznyouthfund@kznedtea.gov.za)**

Abantu abasha bayanxuswa ukuthi baphathe amaphepha adingekayo uma beyofaka izicelo ikakhulukazi: Isicelo sebhizinisi (R500 000 kuya kuR1 million) noma iplani yebhizinisi (R1 million kuya kuR2 million); amaphepa okubhaliswa kwebhizinisi; incwadi yekheli noma yekhansela nesitifiketi sentela. **Zonke izicelo kumele zifeze imigomo nemibandela esefomini lokufaka izicelo ukuze zibe sethubeni lokuthola uxhaso esikhwameni sentsha.**

**Imibuzo ingabhekiswa kala mahhovisi:**  
**UPhiko lweNtsha eHhovisi likaNdunankulu: (033) 813 0717 noma UNks N Dano 083 796 0118**  
**IHhovisi leNtsha lezokuThuthukiswa koMnotho: (033) 264 2522 noma UNks N Donaldson 076 943 5811**

**“Unyaka kaCharlotte Manny Maxeke: Sikhulisa amathuba omsebenzi entsheni nokwakha umphakathi obumbene nonoguquko.”**



**KWAZULU-NATAL**  
PROVINCIAL GOVERNMENT  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA



PRESIDENTIAL  
YOUTH  
EMPLOYMENT  
INTERVENTION



**GROWING  
KWAZULU-NATAL  
TOGETHER**